PARLIAMENT

OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# YIBA NEZWI!

## IKOMIDI LESISHAYAMTHETHO SIKAZWELONKE ELIBHEKELE UKUPHATHWA KUKAGESI KANYE NAMANDLA UMTHETHOSIVIVINYWA WEGESI [B6 – 2026]

### ISICELO SOKULETHA IMIBONO YOMPHAKATHI

Ngokuphathelene nenhlosongqangi yePhalamende yokulekelela ukubamba iqhaza komphakathi ezinqubweni zomthetho, iKomidi LesiShayamthetho SikaZwelonke elibhekele uGesi kanye Namandla limema abantu abanentshisekelo kanye nababambiqhaza abathintekayo ukuthi bathumele imibono ebhaliwe futhi babonise intshisekelo yokwenza isethulo ngomlomo ngo**Mthethosivivinywa weGesi [B6 - 2026].**

**UMthethosivivinywa weGesi** uhlose ukuqeda uMthetho weGesi, wezi-2001; ukuhlinzekela ukugqugquzelwa kokuthuthukiswa okuhlelekile kwemboni yegesi; ukuthuthukisa uhlaka lokulawula lukazwelonke; ukugqugquzela ukufukulwa kwabantu abamnyama kwezomnotho; ukuhlinzekela intuthuko yenhlalakahle yezomnotho kanye nemvelo; ukuhlinzekela ngentuthuko entsha kanye noshintsho lobuchwepheshe emkhakheni wegesi; ukwenza lula ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yegesi kanye nokutshalwa kwezimali; ukuhlinzekela ukubambisana phakathi kwezinkampani ezizimele nezikahulumeni; ukuqinisa ukuqiniswa komthetho kanye nokwenza ngcono ukuthotshelwa komthetho; kanye nokuhlinzekela izindaba eziphathelene nalokho.

Izethulo ezibhaliwe kufanele ziqondiswe **kuMnu Arico Kotze** futhi ziqondiswe eKomidini LesiShayamthetho SikaZwelonke elibhekele uGesi kanye Namandla, kulelikhelei elithi 3rd floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000, noma u-imeyile ku: **gas-pcee@parliament.gov.za lingakadluli ihora le-16:30 ngoLwesihlanu, ziyi-7 kuNcwaba wezi- 2026**. Ngaphezu kwemibono ebhaliwe, sicela ubonise intshisekelo yakho yokwenza isethulo bukhoma.

Mayelana nemininingwane noma ukuthola ikhophi yoMthethosivivinywa, sicela uthinte uMnu Arico Kotze kule nombolo yocingo: 021 403 3662; Iselula: 083 709 8470; i-imeyili: **akotze@parliament.gov.za** noma uvakashele iwebhusayithi yePhalaemende: **www.parliament.gov.za**

**Ikhishwe nguMhlonishwa. Z. Khanyase, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi lesiShayamthetho SikaZwelonke elibhekele uGesi kanye Namandla.**

**Your Parliament. Your Voice. Your Future.**

www.ayandambanga.co.za

157045 ISOLEZWE ISIZULU